Hillcrest High School

IBANGA LESI-8

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2019

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:
   ISIQEPHU A: UMDLALO (Phendula YONKE imibuzo lapha)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo) Phendula umbuzo OWODWA
   ISIQEPHU C: (Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo) Phendula umbuzo OWODWA
2. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
3. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
4. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
   ISIQEPHU A Amaminithi angama-50
   ISIQEPHU B Amaminithi angama-40
   ISIQEPHU C Amaminithi angama-30
5. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
6. Nikeza impendulo ngasiye isihloko esifanele.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: UMDLALO**

**ABABULALI BENYATHI BALALA... RN MNGADI**

UMBUZO 1

1. Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA A P35

**(Kusemzini wenkosi ntambama ngoMsombuluko. Kunomhlangano wenkosi, induna kanye namadoda omkhandlu wenkosi. Umhlangano usendlini eyakhelwe imihlangano yomkhandlu.)**

**Shandu**: Madoda! Namuhla ngithokozile kakhulu ngoba induna ayizukulala esitokisini.

**Amadoda**: Ndabezitha!

**Shandu**: Yize icala lingaphelile kodwa mina nginethemba ngoba lesi silima esinguMbandlwa asinaye ufakazi. (*iqondise kuDlamini*) Awuthi qaphuqaphu ngesimo secala khona umkhandlu wami uzothola sonke isithombe.

**Dlamini**: (*asukume uDlamini)* Ndabezitha! Ngizoqala ngokubonga uNdabezitha ngokungikhokhela ibheyili. Mina bengizoyithathaphi inkulungwane yamarandi? Ndabezitha nani bandla le nkosi, icala lokushaya ngiyaliphika ngima ngentaba. Ngithi, uMbandlwa ngamsikaza ngenduku maqede yena wagxuma wazishayisa echosheni lobonda lwekilasi. Okuhle kakhulu ngukuthi mina amadoda engangihamba nawo ayangifakazela. Yena akanaye ufakazi ngoba ikhansela lalingaphakathi ekilasini kanye nezethameli zomhlangano. Lihlehlile-ke icala. Liyoze lingene emva kwezinyanga ezintathu.

**Amadoda**: (*kuzwakale ukuhhomuzela kwentokozo abanye behleka*)

2.1 Ukuphi lo mhlangano obanjwe lapha? (1)

2.2 Wawubanjwe ngolwesingaki lo mhlangano? (1)

2.3 Yini eyenza uShandu athokoze ngaleli langa? (1)

2.4 Yaba imalini ibheyili yokukhipha uDlamini? (1)

2.5 Bhala okwenzeka ngempela emhlanganweni nokwaholela ekulimaleni kukaMbandlwa? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.6 Icala elenziwa uDlamini wayelenze mhla zingaki? (1)

2.7 Ngokucabanga kwakho ubona kufanele ukuthi abantu abanezikhundla emphakathi baboshwe nezigebengu? (2)

2.8 Tomula umusho okhombisa ukuthi inkosi iyasijabulela isenzo sokushaywa kukaMbandlwa. (2)

2.9 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Igama elithi **umfokazana** lichaza umuntu:

A osemdala

B onesikhundla

C ongahloniphekile

D wasemakhaya (2)

2.10 Ubani igama lommeli owathunyelwa inkosi ukusiza uDlamini (1)

2.11 Wayeganwe ngumabani uDlamini? (2)

2.12 Qedela isihloko salo mdlalo ngamagama afanele.
Ababulali benyathi….. (2)

2.13 Yini eyadala ukuba icala likaDlamini lingabe lisaqhubeka lithethwe? (2)

**[20]**

**KANYE**

2.14 Waya kuphi uMaShezi njengoba engekho nje? (1)

2.15 Sizathu sini esabangela ukuba uMaShezi ashiye umuzi wakhe? (2)

2.16 Yikuphi OKUBILI okwehlukile okwenziwe uDuma ukuhlela lo mhlangano wesibili? (2)

2.17 Xoxa kafushane ngokwenzeka emhlanganweni wesibili owahlelwa ikhansela? (2)

2.18 Yiziphi izinto EZINTATHU eziyintuthuko ezazizolethwa yikhansela emphakathini? (3)

2.19 Kwakungubani isibongo sikamfundisi owaphatha umhlangano kulo mdlalo? (1)

2.20 Yikuphi inkosi eyakwenza okukhombisa ukuthi uDuma yabe isimxolele ngokweqiniso? (2)

2.21 Khetha impendulo efanele:

Uhlobo lalo mdlalo:

A isenamisi

B imelodrama

C Igidigidi

D imbangalusizi (1)

2.22 Yisiphi isifundo esisithola kulo mdlalo? (2)

[15]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

**UMBUZO 3**

Fundisisa lezi zihloko ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso amagama angama-80 kuya kwayi-100.

**INCWADI YOBUNGANI**

3.1 Kulawa maholide ubuhlele ukuvakashela umalume wakho ohlala endaweni yasezabelweni/emakhaya. Usushintshe umqondo ngenxa yezimo ezithile. Bhalela umalume incwadi uxolise ukuthi ngeke usaphumelela ukumvakashela ubeke nezizathu. (30)

UMLANDO NGOMUFI

3.2 Umkhulu wakho obumkhonzile uvele washona ngokukhulu ukuzuma lokhu. Ugogo wakho ukucele ukuba ubhale umlando ngaye usebenzisana nomndeni. Bhala umlando ngomufi. (30)

INGXOXO/INKULUMOMPENDULWANO

3.3 Uthe uzihambela esitolo esidayisa ukudla usuyophuma nje. Unogada wakumisa wabheka izinto ezisesikhwameni sakho. Uthole ushokoledi ongawukhokhelanga. Bhala ingxoxo Phakathi kwakho nonogada. (30)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANA EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 4

ISIMEMO

4.1 Udadewenu omdala ohlala phesheya kwezilwandle ukucele ukuba umsize ekuhleleni umshado wakhe ozobe ukuleli zwe. Ukucele ukuba umbhalele izimemo. Bhala ikhadi lesimemo somshado. (20)

IPHOSIKHADI

4.2 Uhambe nesikole sakho ukyosimela emncintiswaneni wezinkulumo phesheya kwezilwandle. Bhalela abazali bakho iphosikhadi ubachazele ukuthi izinto zihamba kanjani lapho. Bhala IPHOSIKHADI. (20)

IDAYARI

4.3 Ngamaholide esigamu sesithathu ubuvakashe nomndeni wakho edolobheni olikhozile. Bhala idayari uchaze ukuthi benenzani kulezi zinsuku ezinhlanu. Bhala IDAYARI. (20)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**

**AMAMAKI ESEWONKE: 85**